IBhayibheli LaBantwana
Likulethela



Elisha, Indoda Yezimangaliso

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Zazingekho izinkabi ezanele ukudonsa igeja. Kwakudingeka enya futhi. Lokho akuzange kumvimbe umlimi osemusha okuthiwa u-Elisha! Wamane wazihlanganisa nezinkabi, wathatha indawo yeshodayo. Kumelwe ukuba wayeyindoda enamandla,

Ehlakaniphile esebenza kanzima.



Njengoba u-Elisha elima,
umprofethi kaNkulunkulu
u-Eliya wadlula wambiza.
Insizwa yashiya ipulazi
layo ukuze ibe inceku
kaNkulunkulu. Ngolunye
usuku, uNkulunkulu
wathatha u-Eliya wamyisa
ezulwini
ngesivunguvungu.
Manje u-Elisha
wayengumprofethi
kaNkulunkulu
ku-Israyeli.


Nakuba u-Elisha wayedabukile
ngoba u-Eliya wayengasekho,
wathandaza kuNkulunkulu ukuba
amnikeze amandla afana naka-Eliya.
U-Elisha wathatha ingubo
ka-Eliya, washaya amanzi
omfula njengo-Eliya.
Amanzi ahlukana
phakathi! Manje
u-Elisha wazi ukuthi
uNkulunkulu
wayenaye.

Kwathi u-Elisha eya emzini othiwa iBethele, abanye abasha bamklolodela, bememeza bethi: "Yenyuka, mpandlandini!" Babengenandaba nokuthi u-Elisha wayeyinceku kaNkulunkulu. Kwenzeka into eshaqisayo kubo. Kwaphuma amabhele amabili esifazane ehlathini, adwengula abafana abangamashumi amane nambili.

Ngelinye ilanga u-Elisha wahlangana nomfelokazi owayekweleta imali ayengenakuyikhokha. Ukuze athole imali, umbolekisi wakhe wayezothatha amadodana omfelokazi amabili abe yizigqila.



"Hamba uyoboleka izitsha kubo bonke omakhelwane bakho... izitsha ezingenalutho," kusho u-Elisha. UNkulunkulu wayezokwenza into emangalisayo kuleyo ntokazi.

Umfelokazi wayenembiza encane yamafutha endlini. Kodwa kuleyombiza encane wathela amafutha okwanele ukuba agcwalise zonke lezo zitsha! Ukube babenabo obhavu ngalezo zinsuku, ucabanga ukuthi uNkulunkulu wayeyobagcwalisa nabo? Umfelokazi wathengisa amafutha wasindisa amadodana akhe.



Enye inkosikazi nomyeni wayo benza ikamelo elikhethekile emzini wabo ukuze u-Elisha ahlale lapho lapho edlula. Ekamelweni babeke umbhede, itafula, isihlalo nothi lwesibani. Lelo kamelo laligcinelwe u-Elisha.



U-Elisha wayezibuza ukuthi wayezowubuyisela kanjani umusa walo mbhangqwana. Lapho izwa ukuthi abanabantwana, yasho into le ntokazi eyanyingayikholwa. "Ngalesi sikhathi ngonyaka ozayo, uzogona indodana." Impela, ngemva konyaka, umntwana wazalwa.

Ngemva kweminyaka ethile yona le ngane yayisensimini noyise. “Ikhanda lami, ikhanda lami”, akhale umfana. Lapho beletha umfana kunina, wahlala emadolweni akhe kwaze kwasemini, wafa. Umama walalisa umfana phezu kombhede ekamelweni lika-Elisha. Ucabanga ukuthi ubani ongamsiza?

Uthi u-Elisha? Ushaye khona! Wabophela imbongolo wahamba ngesivinini esikhulu ukuze amthole. U-Elisha wafika endlini yakhe, wakhuphukela yedwa endlini ephezulu, wakhuleka kuJehova. UNkulunkulu wamvusa umfana. U-Elisha wabiza inkosikazi, wathi: "Thatha indodana yakho."

Yeka indlela okumelwe ukuba wayejabule ngayo!

Ezweni eliseduze laseSiriya kwakuhlala induna yebutho uNahamani. Wayenesibindi futhi enamandla, kodwa wayenesifo esibi kakhulu sesikhumba esibizwa ngokuthi uchoko.

UmkaNahamani wayenencekukazi encane eyayithunjwe kwa-Israyeli. Le ntombazanyana yathi, "Akuba uNahamani ube nomprofethi wakwa-Israyeli, ngokuba ubeyakumphulukisa ochokweni lwakhe."

UNahamani wasuka lapho wayobona umprofethi. Wathatha isiliva, igolide, nezingubo ezinhle njengezipho.



Inceku ka-Elisha yaphuma yathi, “Hamba uyegeza kasikhombisa emfuleni iJordani futhi uzohlambuluka.” UNahamani wathukuthela. Wayengakwazi yini ukugeza emifuleni ehlanzekile yezwe lakubo, eSiriya? Ngokucasuka waphenduka waqonda ekhaya.





Ngenhlanhla uNahamani, izinceku zakhe zamtshela ukuba alalele umyalo ka-Elisha. Ngakho uNahamani wehla wacwila eJordani kasikhombisa. UNahamani onochoko welapheka! UNahamani wakhuleka kuNkulunkulu weqiniso, uNkulunkulu ka-Elisha, uJehova owayemphulukise ochokweni.

UNkulunkulu wasebenzisa inceku yakhe u-Elisha ngisho nangemva kokufa kwakhe. Ngolunye usuku, indoda yangcwatshwa emhumeni u-Elisha ayengcwatshwe kuwo kudala. Lapho isidumbu sale ndoda sithinta amathambo omprofethi, lo muntu waphila futhi wema ngezinyawo zakhe. Ngempela, uNkulunkulu wabonisa amandla akhe amakhulu ngenceku yakhe ethembekile, u-Elisha.

Elisha, Indoda Yezimangaliso

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

2 AmaKhosi 2-13

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16